# 'Banciphise izindleko ngokuthenga izimoto'

## Bathi bebekhokha u-R531 000 nyanga zonke ukuziqasha

**THANDEKA NGOBESE**

UNQUME ukunciphisa izindleko ngokuthenga izimoto zawo, uyeke ukuphila ngokuboleka uMasipala waseMzinyathi othi ubukhokha imali engango-R531 000 njalo ngenyanga uqasha izimoto ukwenza imisebenzi yansuku zonke.

Lo masipala uthenge izimoto eziwu-10 ezingama-Isuzu *double cab* neFord Ranger ezidle u-R4.3 *million*. Ekhuluma ne**LANGA** ophethe ezokuxhumana kulo masipala, uNkz Nomonde Nzimakwe, uthe ukuthengwa kwalezi zimoto bekubaluleke kakhulu njengoba besezinhlelweni zokonga imali ngokubheka izinto abacabanga ukuthi kazinaso isidingo esinqala.

"Le mali engaka ebesiyikhokhela izimoto ezibolekwayo sesizoyisebenzisa ekuhlinzekeni umphakathi ngezidingo ngaphandle kokwentuleka kwezimoto.

"Sithenga izimoto nje, sisanda kuthenga amathilagi *(trucks)* okuhambisela umphakathi amanzi," kusho uNkz Nzimakwe.



Imenenja yalo masipala, uMnu Lethuxolo Mthembu, ithe bazoqinisekisa ukuthi lezi zimoto zisetshenziswa ngokucophelela, kuqinisekiswe nokuthi zihlala zisesimeni esifanele.

"Umuntu otholwe ezisebenzisa budedengu uzokhokha. Lezi zimoto zizophuma ziyosebenza ngokugunyazwa yizikhulu zikamasipala," kusho uMnu Mthembu.

Imeya yalo masipala, uMfu Petros Ngubane, ithe bekuvele kuyinhloso yabo ukunciphisa ukusetshenziswa kwemali ezintweni ezingenaso isidingo esinqala.

"Ngiyajabula ngoba bengihlale ngiwanxusa njalo amakhansela ukuba anciphise ukusetshenziswa kwezimoto ezibolekwayo, afunde ukuzimela, abe nezimoto zawo.

"Ngicele lokhu ngoba ngibonile ukuthi uma sinciphisa ukusebenzisa izinkampani zangaphandle, singonga imali eningi esizokwazi ukubuye siyisebenzise kwezinye izinto ezimqoka emphakathini, njengokuwuhlinzeka ngamanzi nokuthuthwa kwendle.

"Ngiyathembisa ukuthi ukuthengwa kwalezi zimoto kuzokwenza isimo sibe ngcono. Izisebenzi zesifunda zizokwazi ukusukumela izikhalo zomphakathi, futhi ngeke kuphazamiseke ukuthuthukiswa komphakathi," kusho uMfu Ngubane.

# IQHAKAMBISA UKUHANJISWA KWEZIDINGO KUBANTU IMEYA YASEMLALAZI

**NONHLAKANIPHO SHINGA**



IKHUTHAZE abantu abangaphansi kukaMasipala waseMlalazi ukuba baqhubeke nokuzivikela kwiCoronavirus imeya entsha yalo masipala, ebekwe ngoLwesibili esikhundleni esivuleke emuva kokushona kukaMnu Thelumoya Zulu ngoZibandlela (December) nyakenye ethathwa yiCovid-19, edalwa yiCoronavirus.

Umhlangano walo masipala uphume nesinqumo sokuba kubekwe uMnu Thulani Dlamini (**osesithombeni**) kulesi sikhundla, kwathi uMnu Mthokozisi Dlamini wabekwa kwesikasomlomo ebesivulekile.

Imeya ithe yize umsebenzi okumele bawenze ubonakala ulula, kodwa unzima kakhulu futhi udinga ukwenziwa ngendlela efanele ngaso sonke isikhathi.

"Okubalulekile okumele singakukhohlwa wukuthi umsebenzi kamasipala wukunikezela ngezidingo emiphakathini, nokulwa nobubha ngaphandle kokwenzelela.

"Lokhu singakwenza ngokuthi sithuthukise umnotho wethu ukwazi ukubhekelela bonke abantu, ikakhulukazi labo abebecindezelekile phambilini; okungabesifazane, yintsha nabakhubazekile," kusho yena.

Ugqugquzele izakhamizi zaseMlalazi ukuba ziqhubeke nokuzivikela kwiCoronavurus ngokuhlamba izandla, ukuqhelelana nokulandela imigomo ebekiwe njengoba leli lizwe lingaphansi kwesigama sesithathu sokuvalwa kwalo.

Ephawula mayelana nokubekwa kukaMnu Dlamini, uNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana nezoMdabu, uMnu Sipho Hlomuka, uthe: "Njengomnyango, esikufisayo wukuthi izakhamizi zithole izidingo zawo futhi siyazibophezela ekutheni imeya entsha izokwesekwa ngendlela efanele."

**nonhlakaniphos@ilanganews.co.za**




2021 REGISTRATION
UNIVERSITY OF ZULULAND

Well done to the class of 2020 on successfully tackling one of the toughest matric years in history.

University of Zululand (UNIZULU) prides itself in having nurtured a string of industrious individuals like you- from judges to entrepreneurs to educators, among many others.

CHOOSE FROM OUR WIDE VARIETY OF PROGRAMMES IN THE DISCIPLINES OF SCIENCE, AGRICULTURE, COMMERCE, ADMINISTRATION, LAW, EDUCATION AND ARTS. WE ARE EXCITED TO OFFER TWO NEW ENGINEERING PROGRAMMES IN 2021: BACHELOR OF ENGINEERING IN MECHANICAL ENGINEERING AND BACHELOR OF ENGINEERING IN ELECTRICAL ENGINEERING.

REGISTRATION DATES

1st YEAR STUDENTS FROM 01-05 MARCH 2021
UNDERGRADUATE RETURNING STUDENTS FROM 8-12 MARCH 2021
ALL POST-GRADUATE STUDENTS FROM 01 MARCH 2021

STUDENTS WILL BE REGISTERING ONLINE OFF-CAMPUS

NO WALK-INS OR STUDENTS WILL BE ALLOWED ON ANY OF THE CAMPUSES
DUE TO COVID-19 REGULATIONS AND IN ORDER TO ENSURE THE SAFETY OF STAFF AND STUDENTS, THE REGISTRATION PROCESS FOR NEW FIRST YEAR STUDENTS AS WELL AS RETURNING STUDENTS WILL BE CONDUCTED ONLINE AND OFF CAMPUS IN 2021

UNIVERSITY OF ZULULAND

THE FOLLOWING REGISTRATION DOCUMENTS WILL NEED TO BE UPLOADED ONLINE FOR 1st YEAR STUDENTS:
1. MATRIC RESULTS, 2. ID COPY, 3. PROOF OF POSTAL ADDRESS, 4. PROOF OF RESIDENCE.

FIRST YEAR ONLINE ORIENTATION:
08- 12 March 2021

THE FOLLOWING REGISTRATION DOCUMENTS WILL NEED TO BE UPLOADED ONLINE FOR INTERNATIONAL STUDENTS:
1. VALID PASSPORT, 2. STUDY PERMIT FOR UNIZULU, 3. SAQA VERIFICATION CERTIFICATE,
4. PROOF OF FINANCIAL MEANS,
(BANK STATEMENTS, BURSARIES, CASH AVAILABLE/TRAVELLER'S CHEQUE TO COVER ENVISAGED LIVING EXPENSES DURING THE SOJOURN IN THE REPUBLIC AND TO PAY TUITION FEES)
5. YOU MUST MAKE ARRANGEMENTS FOR ADEQUATE MEDICAL INSURANCE COVER WHILE STUDYING IN THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA BEFORE REGISTRATION.

BANKING DETAILS BEWARE! OF FRAUDSTERS
The University's bank account details are: Account Name: University of Zululand, Bank: ABSA Bank, Branch Code: 334130, Account Number: 1880000051

REGISTRATION DETAILS AND OTHER INFORMATION CAN BE FOUND ON OUR WEBSITE http://reg.unizulu.ac.za/ or www.unizulu.ac.za